UThathekile unejazi eliluhlaza.

Umama wamthengela lona esakhula.

Lelijazi likaThathekile lihle kakhulu.

Kepha lelijazi seliyambamba.





UThathekile ulithanda kakhulu lelijazi.

Kepha uThathekile usekhulile.

Ijazi alisamlingani.

UThathekile akajabuli.

UThathekile ukhathazekile ngejazi.

Usalithanda ijazi lakhe.

Kepha ijazi seliyambamba.





UThathekile uzama ukufasa izinkinobho zejazi.

Kuyala, izinkinobho zejazi ziyawa.

Maye! UThathekile usekhulile.

UThathekile wakhumula ijazi.

Maye! UThathekile uyawa.

Ijazi alehli.





UThathekile ukhungathekile.

Akazi ukuthi kumele enzeni.

Ijazi lakhe alisamlingani.

UThathekile usekhulile.

UThathekile ukhathele, uyahefuzela.

Uhlala phansi uyenaba.





UThathekile uyacabanga.

O! Wacabanga futhi

Ucabanga ukuthi ashintshe ijazi libe yisiketi.

UThathekile uthatha isikelo usika lapha nalaphaya.

Uhlanganisa lapha, ulungisa laphaya.

Ushintsha lapha nalaphaya.






Hawu! Ijazi selishintshile!

Bheka, ijazi seliyisiketi.

Uthungela izinkinobho esiketini.

UThathekile ubheka isiketi uyasijabulela.

Yebo! Lesiketi simlingana kahle kakhulu.

UThathekile ujabulile.

Uzibona ehlakaniphile!

